# IBhayibheli LaBantwana
## Likulethela

# Sala Kahle Faro



Ibhalwe ngu: Edward Hughes
Kwabonakala ngu: Janie Forest; Alastair Paterson
Ifanekiswe ngu: Lyn Doerksen
Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala
Ikhiqizwe ngu: Bible for Children
www.M1914.org

BFC
PO Box 3
Winnipeg, MB R3C 2G1
Canada

©2021 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.





UFaro wayethukuthele! UNkulunkulu wayemuyale, ngoMose, ukuba akhulule isizwe sase-Israyeli. Wala.



"Mabasebenze kakhulu kunakuqala", uFaro eyala induna yezigqila. Isimo sasesinzima kakhulu kunakuqala kuma-Israyeli.

3

"Buthani utshani benu. Angeke sisaninika. Kodwa sisafuna izitini eziyisibalo esifanayo njengakuqala." Lena kwakuyimiyalezo kaFaro.



4



Izinduna zabhaxabula izigqila ngoba azizange zithole isikhathi esanele ukuba ziqoqe utshani futhi zakhe izitini ezanele.

5

Abantu bagxeka uMose Kanye no-Aroni ngalezinkinga. UMose wathola indawo yokuthandaza. "Aw kodwa Nkosi," esho ekhala, "awubasizanga abantu bakho." "Ngiyinkosi yalabantu, futhi ngizobakhulula," kusho uNkulunkulu.

6



UNkulunkulu wayesethumela uMose Kanye no-Aroni emuva eGibithe kuFaro. Kwathi umbusi omkhulu efuna uphawu kubasizi baNkulunkulu, induku ka-Aroni yaphenduka inyoka.

7



"Biza abalumbi bami abenza umlingo," kumemeza uFaro. Kwathi abalumbi bejikijela izinduka zabo phansi, zajika zaba izinyoka nazo. Yize noma inyoka ka-Aroni yagwinya lezi ezinye wala Ukukholwa uFaro. Wala ukukhulula abantu.

8

Ngokusa obulandelayo, uMose kanye no-Aroni bahlangana noFaro emfuleni. Wathi u-Aroni elula induku yakhe, uNkulunkulu washintsha amanzi aba igazi. Izinhlanzi zafa! Abantu abakwazanga ukuphuza.

9

Kodwa uFaro wenza inhliziyo yakhe ibebukhunu. Angeke akhulule ama-Israyeli ukube ahambe eGibhithe.



10



Waphinda uMose watshela uFaro ukuba akhulule abantu bakhe. Wala futhi uFaro. UNkulunkulu waletha esinye isifo. IGhibhithe yonke yagcwala amaxoxo. Agcwala yonke imizi, wonke amakamelo, ngisho nezitofu zazigcwale wona.

11



"Ngithandazele, ukuthi uNkulunkulu asuse amaxoxo," kucela uFaro. "Futhi ngizakukhulula abantu bakho." Kodwa, kwathi amaxoxo asengasekho, uFaro washintsha uqondo. Wala ukukhulula izigqila.

12

UNkulunkulu wase ededela izinunu eziyisigidi zesigidi ezincane ezibizwa ngamazenze. Wonke umuntu nezilwane wayelunyelwa, kodwa uFaro wayengeke alalele uNkulunkulu.

13



Ngokulandelayo uNkulunkulu wathumela iqulu lezimpukane. UNkulunkulu wathumela izifo ukuba zizobulala imfuyo yamaGibhithe.

14



UNkulunkulu wathumela amathumba abuhlungu. Abantu bezwa ubuhlungu obukhulu. Khona kunjalo uFaro wamgolozela uNkulunkulu.

15

Emva kwesifo samathumba, uNkulunkulu wathumela izindimbane zamadiya ezikhonyane. Izikhonyane zadla zonke izitshalo ezibuhlaza esizweni saseGibhithe.

16

UNkulunkulu wase ethumela ubumnyama bezinsuku ezintathu. Kodwa uFaro wala ukukhululula ama-Israyeli.

17

"Ngizakuthumela esinye isifo," kuxhwayisa uNkulunkulu. "Phakathi nobusuku, zonke izibulo zabantu kanye nezilwzane zizakufa." UNkulunkulu watshela ama-Israyeli ukuthi izibulo zabo zizakusinda uma begcoba igazi lemvu esichabheni.



18



Phakathi nobusuku,

kwavuka ukukhala okukhulu eGibhithe. Ukufa kwakusekufikile. Kwafa, okungenani, oyedwa kuyoyonke imize eGibhithe.

19



"Phumani," UFaro encenga uMose. "Hambani niyo khonza INKOSI yenu." Ngokushesha, abantu baNkulunkulu baphuma emgceleni waseGibhithe.

20

UNkulunkulu watshela uMose ukuba akhumbule Ubusuku bePhasika ngoba iZingilosi zaNkulunkulu zadlula emizini yama-Israyeli zashaya phansi uFaro nabantu bakhe.

21

Emva kweminyaka eyamakhulu amane namashumi amathathu eGibhithe, abantu baNkulunkulu babesekhululekile. UNkulunkulu wabahola ngensika yamafu emini, kanye ngensika yomlilo ebusuku.

22

Kodwa uFaro wayengakaqedi ngama-Israyeli.



Waphinda futhi wakhohlwa uNkulunkulu, washintsha umqondo. Waqoqa ibutho lakhe, wajaha izigqila. Maduze, wayesebavimbhe phakathi kolwandle namawa.

23

"UJehova uzakunilwelwa," kusho uMose. UMose wayesehamba eya emanzini, wama eceleni, walula isandla.

24



Isimanga esikhulu senzeka. UNkulunkulu wavula indlela emanzini. Abantu bawela bephephile.

25

Ibutho likaFaro lagijimela elwandle. "Sizobabamba manje," kucabanga ibutho. Kodwa uNkulunkulu wavala indlela ngamanzi.

26

Ibutho laseGibhithe elinamandla lagwinywa amanzi. Wayesazi uFaro ukuthi uNkulunkulu wama-Israyeli waye iNKOSI yakho konke.





Sala Kahle Faro

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Eksodusi 4-15

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130



# Yaphela

11

60



Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16